NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATION
NOVEMBER 2024

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA: IPHEPHA II
ISIZULU HOME LANGUAGE: PAPER II

MARKING GUIDELINES

Isikhathi: Amahora ama-3 Amamaki ayi-100

These marking guidelines are prepared for use by examiners and sub-examiners, all of whom are required to attend a standardisation meeting to ensure that the guidelines are consistently interpreted and applied in the marking of candidates'' scripts.

The IEB will not enter into any discussions or correspondence about any marking guidelines. It is acknowledged that there may be different views about some matters of emphasis or detail in the guidelines. It is also recognised that, without the benefit of attendance at a standardisation meeting, there may be different interpretations of the application of the marking guidelines.

IEB Copyright © 2024

ISIQEPHU A IMIBHALO

IKHOHLISANA IHLOMILE: S.S. Mbimbi

UMBUZO 1

Umfundi makalandele imigomo yokubhalwa kwe-eseyi bese eveza okunye kwaloku embhalweni wakhe.

Umbhali uphumelele ukuqhakambisa ukuhlukunyezwa kwabantu besifazane nezingane ngabantu besilisa.

Thembisile

- UMchunu noXulu bahlela ukuthi uNozipho ayosebenza emzini kaMlambo njengomuntu osizayo.
- Inhloso yalokhu ukwenza uMlambo angabe esayemthemba inkosikazi yakhe kodwa athembe uNozipho ukuze bakwazi ukuthola umcebo wakhe.
- UNozipho ufaka ubuthi ebhodweni eliphekwe nguThembisile ukuze kubonakale sengathi uThembisile ubezama ukubulala uMlambo.
- UNozipho uvuvuzela okuthile ebhodweni.
- UNozipho utshela uMlambo ukuthi ubone uThembisile efaka okuthile ebhodweni ukuze uMlambo amethembe. Ucela ukuthi angakudli ukudla okuphekwe ngumkakhe.
- Ukudla obekuphekwe nguThembisile (isitshulu sesiklabhu) kunikezwe izinja zakudla. Zafa izinja emuva kokudla lokhu kudla.
- UNozipho noMlambo sebenokubonakala kukhona okuthile abahlebelana khona kodwa inkosikazi yekhaya uThembisile ekhona.
- UNozipho ushise ingubo kaThembisile kodwa uyaphika ukuthi ishiswe nguye.
- Uma uThembisile ethethisa uNozipho uyadinwa uZwelodumo, amvikele.
- UThembisile uxosha uNozipho emzini wakhe. UZwelodumo ufunela uNozipho indawo yokuhlala futhi umthengela ukudla.
- UMchunu waqhamuka nesu lokuthi uThembisile aphucwe isikhwama bese uZulu uyamsiza.
- Kukhona owabathatha isithombe besakhuluma ukuze kubonakale sengathi bayathandana.
- UZulu ushela uThembisile kodwa akavumanga ukuthandana noZulu.
- UMlambo wabulawa emzini wakhe kukhona inkosikazi nengane.
- UNozipho ubhaliwe encwadini yefa eyashiywa uZwelodumo ukuthi kukhona azokuthola.
- Incwadi yefa yayibhalwe ukuthi wonke amatekisi awadayiswe, imali inikezwe uZodwa uma eseneminyaka engama-21.
- Amabhizinisi uwashiye kuMchunu njengommeli wakhe.
- UNozipho uzothola umuzi kuphinde kube nguyena onakekela indodakazi kaMlambo uZodwa.
- Izimali ezisebhange uMlambo unikele ngazo ezintandaneni.
- UThembisile wakhishwa kabuhlungu emzini wakhe, kwangena uNozipho. Waqasha ikamelo ayezohlala kulona.
- UThembisile uboshwa ngecala lokubulawa komyeni wakhe uZwelodumo Mlambo.

UMaKhumalo

- UMaKhumalo wahlukumezeka ebona indodakazi yakhe ibulawela umyeni wayo, ukuphucwa ingane, umuzi nefa lomyeni wayo.
- Kwabanzima lapho uMaKhumalo esebona indodakazi yakhe isihlala emqashweni yabuye yaboshwa ngecala lokushona kukaMlambo.

IEB Copyright © 2024

UZodwa

- UZodwa uhlukumezeka ngoba kwabulawa ubaba wakhe phambi kwakhe.
- Wahlukaniswa nomama wakhe ngoba wahlaliswa kwabezenhlalakahle.

NOMA

UMBUZO 2

Umyalezo walo mdlalo ukhombisa ukuthi akukho qili lazikhotha emhlane. Bonke abenzi bobubi bayabanjwa baboshwe ekugcineni.

UMchunu

- UMchunu ungummeli kaZwelodumo onomona ngomcebo kaZwelodumo. Wenza icebo lokuthi abulawe ukuze bathole lo mcebo.
- Icebo labo aliphumelelanga ngoba ekugcineni bonke babanjwa baboshwa.
- UThembisile uqasha umphenyi ozimele uZuma emuva kokuba ekhishiwe emzini wakhe waphucwa ifa lomyeni wakhe.
- UZuma uveza ukuthi uNozipho obesebenza emzini kaThembisile unobudlelwane obukhulu noMchunu obengumeluleki wezimali zikaZwelodumo.
- UZuma uveza ukuthi uMchunu usebenzisa uNozipho ukuqola abantu amafa abo.
- UZuma uqhamuke nesu lokuthi akucushwe izingcingo zikaMchunu noNozipho ukuze kutholakale ubufakazi obuzosetshenziswa enkantolo.
- UZuma wathola imvume ejajini ukuthi acuphe amakhamera emzini obekuhlala kuwo uThembisile, manje osuhlala uNozipho.
- Emakhamereni kuvela ukuthi uMchunu noNozipho bayathandana. Babonakala bejabule bobabili.
- UMnumzane Zuma ongumphenyi ozimele wafika nobufakazi ayekade ebuqoqa ngokubulawa kukaZwelodumo.
- Waveza ubufakazi obukuvidiyo obuveza ukuthi uMchunu ungungqondongqondo ebugebengwini obuhleliwe abenza noXulu noNozipho.
- UMchunu wanikeza umnumzane Mlambo iseluleko sokuthi amafa akhe awabhalise ngoNozipho ngoba bamenza wakholwa ngukuthi inkosikazi yakhe ifuna ukumbulala.

UXulu

- Ekupheleni kwendaba kwadlalwa ividiyo eveza uXulu efika nezindaba ezimbi kuMchunu noNozipho ukuthi uThembisile uqashe umphenyi ozimele uZuma.
- Wazama ukubaleka sekudlalwa ividiyo enobufakazi enkantolo.
- Bamjaha bambamba. Walivuma icala lokwenza ubugebengu ukuze bathathe imali kaZwelodumo.
- Wathola isigwebo ekugcineni.

UNozipho

- UNozipho waqashwa emzini wakwaMlambo njengomsebenzi wasendlini.
- Wafika waxabanisa uZwelodumo noThembisile.
- Wafaka ubuthi ekudleni okwakuphekwe nguThembisile.
- Waqamba amanga wathi ubuthi bafakwa nguThembisile ukuze uMlambo angabe esamethemba umkakhe.

IEB Copyright © 2024

- UMlambo wathemba uNozipho kakhulu ukudlula umkakhe, lokhu okwenza liphumelele icebo likaMchunu noXulu ukuphuca uZwelodumo ifa lakhe.
- UNozipho uvela kule vidiyo engubufakazi eyafika nomseshi ozimele uZuma.
- Ubonakala ejabula nesoka lakhe uMchunu ngaphambi kokuba kungene uXulu nezindaba ezimbi.
- Wazama ukubaleka ngesikhathi uZuma eveza ubufakazi.
- Bamjaha bambamba, wawavuma amacala akhe.
- Ijaji lamnika isigwebo esimfanele.

UMBUZO 3

***AMAGEMFE*: M. Hlengwa, L. Mathenjwa, T. Qwabe**

Yamukela Lokho Okuphiwe

Ukuhluza indaba

Umbhali uveze abalingiswa ababili abamqoka kule ndaba, uManyane nendodakazi yakhe uXolisile njengabantu abangafani nhlobo.

UManyane

- Ungubaba oshadile onenkosikazi nezingane.
- Ungumfunsisi webandla.
- Akaholi imali eningi kodwa unesifiso sokuthi izingane zakhe zifunde ukuze ziphumelele empilweni.
- Indodakazi yakhe uXolisile iphumelele kahle ebangeni leshumi. Ifuna ukuyofunda enyuvesi njengabangani bayo.
- UManyane akakwazi ukufundisa uXolisile enyuvesi kodwa uthi angaba nawo amandla okumfundisa ekolishi lobuthisha.
- Emuva kokuba uXolisile ephatheke kabi, uManyane wenza yonke imizamo esemandleni akhe ukuze indodakazi yakhe iyofunda enyuvesi.
- Wacela usizo kumnewabo ohlala eQumbu kodwa naye wakhala ngokuthi unezindleko eziningi. Wathembisa ukuthi angasiza ngezingubo zokugqoka.
- UManyane akaphelanga amandla, waya kuyise omzalayo wayocela usizo kodwa ikhehla lamchitha ngokuthi uhlulwa yini ukumela izindleko zomuzi wakhe esebenza.
- UManyane wagcina elutholile usizo, wabiza indodakazi yakhe wayitshela ukuthi uyitholele umfundaze ozokhokha zonke izindleko zokuyofunda enyuvesi eseMelika. Bajabula kakhulu bonke ekhaya.
- UManyane noMaZondi bavukela edolobheni ngakusasa ukuyothengela uXoli izimpahla zokugqoka nezokulala. Uyise kaXolisile omdala wafika nezimpahla zokugqoka njengoba ayethembisile.
- Emuva kwayo yonke imizamo, ekugcineni uManyane uzithola eseyisisulu sokufukuziswa uXolisile kanti ukhulelwe.
- UManyane uvezwe njengomzali owa evuka ukuze agcine izingane zakhe zithokozile futhi zinempumelelo.

IEB Copyright © 2024

UXolisile

- UXolisile uvezwe njengengane enganeliseki, engakwazi ukwamukela lokho abazali bayo abayinika khona.
- UXolisile emuva kokuzwa ukuthi uyise akanawo amandla okumfundisa enyuvesi, waphatheka kabi, wancipha emzimbeni futhi wayengasathandi ukuzihlanganisa nabanye abantu ngisho abazali bakhe imbala.
- Wayehlale ezivalele ekamelweni lakhe, noma ebizwa ngabazali bakhe athathe isikhathi ukuphuma.
- UXolisile akathandanga ukuya ekolishi lokufundela ubuthisha uma uyise emcela ukuthi akaye khona ngoba alibizi kakhulu njengenyuvesi.
- UXolisile wayefuna ukuya enyuvesi njengabangani bakhe.
- Ukungajabuli kukaXolisile kwayenza impilo yaba muncu emzini kaManyane. Naye wayengasazi ukuthi ingane yakhe ingenwe yini.
- Kwala noma uyise esemyala uXolisile ukuthi afunde ukwamukela lokho akuphiwe kodwa kwanhlangazimuka nomoya.
- UXolisile watholelwa nguyise umfundaze ozokhokha zonke izindleko zokuyofunda enyuvesi eseMelika.
- Kunokuba ajabule uXolisile wavele wakhala kakhulu.
- UXolisile wathengelwa nguyise nonina izingubo zokugqoka nezokulala. Waphinda walethelwa nguyise omkhulu izingubo zokugqoka njengoba ayethembisile. Kunokuba abonge uXolisile wavele wakhala kakhulu.
- Bathi uma bembuza imibuzo abazali bakhe ngesimo abasibonayo sokungenami wagcina ebatshelile ukuthi ukhulelwe. UManyane wathuka kakhulu washayeka phansi.
- UXolisile ukhombise ukuba yingane engabacabangeli abazali bayo. Ubefuna abazali bakhe bamfundise enyuvesi kodwa yena ehluleka ukuziphatha kahle. Uyakhulelwa esemncane, uphoxa abazali bakhe emphakathini.

Isiphetho

- Isiphetho sale ndaba sibi ngoba uManyane nomkakhe baphoxeke kakhulu ngokukhulelwa kwendodakazi yabo.
- Ngicabanga ukuthi bazoyixolela ngoba bangabazali abangamakholwa bamukele lokho inkosi ebapha khona.
- Bazomnikeza elinye ithuba uXolisile lokuthi ayofunda imfundo ephakeme, yize angeke asalithola ithuba lokuya enyuvesi eseMelika kodwa angaya ekolishi lokufundela ubuthisha.
- UXolisile ngicabanga ukuthi uzoxolisa kubazali bakhe njegoba kusho igama lakhe. Ngeke aliphinde iphutha elifana naleli alenzile lokuphoxa abazali bakhe.

NOMA

IEB Copyright © 2024

UMBUZO 4

Umzwangedwa

Isizinda sendaba

Isizinda senkathi

- Isikhathi samanje
- UZamile noMfihlo bashadile ngakho kulindeleke ukuthi bathole abantwana ukuze kube yikhaya eliphelele.
- UMfihlo uyena ubaba wekhaya nokufanele anakekele umndeni wakhe ngakho konke.
- Ukudlwengula nokuhlukumeza abantu besifazane yinto ekhona esikhathini samanje. UMfihlo wadlwengula uZamile besebancane wakhulelwa wathola amawele.
- Ukuhamba abantu abalaphayo noma ababonayo yinto eyenzekayo esikhathini samanje uma kunezinkinga emakhaya. UMfihlo noZamile baya oThongathi beyofuna usizo kumfo weNdiya osesize abantu abaningi.
- UMfihlo noZamile bahamba ngemoto yabo. Abahambi ngezithuthi zomphakathi. Baningi abantu esikhathini samanje abanezimoto zabo.
- UZamile akasebenzi. Kulesi sikhathi samanje imisebenzi inqabile ngisho kubantu abafundile. UMfihlo nguyena obhekelela izidingo zomndeni.
- UMfihlo wafunda enyuvesi Ongoye. Kujwayelekile esikhathini samanje ukuthi abantu abasha bafunde emanyuvesi.

Isizinda sendawo

- Enye indawo ethintekayo kule ndaba uThongathi lapho abaya khona beyofuna usizo kumfo weNdiya njengoba banenkinga yokungabatholi abantwana.
- Le ndawo isesifundazweni iKwaZulu-Natali eThekwini.
- Indawo yesibili ethintekayo iFleyisitata lapho kuhlala khona ubaba omdala kaMfihlo naye ongenabo abantwana.
- Indawo yesithathu ethintekayo kuseNewcastle lapho kuhlala khona ababekazi omncane kaZamile. Wavelelwa yibhadi kule ndawo wadlwengulwa umlisa othile ayemethemba.
- Indawo yesine ethintekayo yiMonti lapho kuhlala khona izingane ezingamawele zikaMfihlo noZamile. UZamile wazithola lezi zingane emuva kokuba edlwengulwe uMfihlo eNewcastle eminyakeni edlule.

Isimo senhlalo emzini wakwaZama

- Sibi isimo senhlalo emzini wakwaZama ngoba uMfihlo noZamile ababatholi abantwana.
- Sekuphele iminyaka eyisikhombisa beshadile kodwa abazitholi izingane lokhu kwenza bahlale ngokungajabuli ekhaya.
- Baphila impilo emuncu kulo muzi wakwaZama. Bakhalela ukuthola okungenani ingane ibe yinye nje vo ukuze bathokoze.
- Usebenza kahle uMfihlo, unomuzi omuhle futhi usethenge netekisi kodwa akekho umntwana ozothokozela lokhu.
- Konke lokhu kumenza azizwe eshaywa ngoswazi oluncane (uyajeziswa).
- Uyesaba ukuthi uma kungafika ukufa uZamile angeke azi ukuthi awenzeni umnotho wakhe okungaze kumenze azithole esenenye indoda edla imali yakhe.
- UZamile naye ukhala esifanayo esokuthi angabe nje esathola noma ingane eyodwa.
- UZamile noMfihlo banovalo lokuthi umuzi wabo uzobhidlika ngenxa yokungabatholi abantwana. Usuyantengantenga lo muzi.

IEB Copyright © 2024

- UMfihlo ubezazi eyindoda ekwaziyo ukubekezelela ubunzima kodwa lokhu kumenza akhale ngoba usezame yonke imizamo kodwa akulungi.
- UMfihlo ucela uZamile avakashele kubo ngoba le mpilo abayiphilayo ayiyinhle.
- Bagcina bethathe isinqumo esinzima sokuthi bahlukane. Kwaba nzima kakhulu kubona bobabili ngoba bayathandana. Inkinga azitholakali izingane.
- Ekugcineni babonakala bejabulile ngoba bakhiphelane izimfihlo. Naku sibabona belibhekise eMonti beyolanda izingane zabo ezingamawele.
- UMfihlo noZamile banomuzi omuhle omkhulu, banemali, nayo yonke into abayidingayo.
- UMfihlo ufunde imfundo yakhe ephakeme enyuvesi oNgoye.
- Umuzi abahlala kuwona unezibani zikagesi.

Umyalezo

- UZamile waveza imfihlo ayesehlale nayo iminyaka eminingi. Wadlwengulwa ngumlisa othile eNewcastle wakhulelwa wathola abantwana abangamawele.
- Wafihlela uMfihlo ngalesi sigameko esamehlela ngoba wayesaba ukuthi ngeke amshade.
- Ezwa le ndaba uMfihlo naye wakhuluma iqiniso ecela uxolo ukuthi naye wayesafunda oNgoye futhi nguyena owadlwengula uZamile ezibiza ngoSizwe.
- Laba bobabili bahlupheke isikhathi eside ngenxa yokugcina izimfihlo emshadweni.
- Indaba iphela sebejabulile bobabili beyolanda izingane zabo ezingamawele uMusa noNomusa eMonti.
- Kubalulekile ukuthi uma nishadile kungabi nezimfihlo ngoba zinganidalela izinkinga uma sezivela emuva kwesikhathi.

IEB Copyright © 2024

ISIQEPHU B UKUBHALELA IZIMO EZITHILE

UMBUZO 5

Umfundi uzobhala **INCWADI EYA KUMASIPALA**.

Okubalulekile

Izimpendulo zabafundi ziyehluka makuvele lokhu encwadini phakathi kokunye:

- Makazethule ukuthi ungubani.
- Igama le ndawo ahlala kuyo.
- Kungani ebhala le ncwadi/yikuphi okumphusha ukuthi abhale le ncwadi/izizathu ezenza ukuba abhale le ncwadi.
- Ukuphazamisa kokucishakonga ugesi emakhaya, ezikoleni, ezindaweni zokusebenza kanye namabhizinisi amancane.
- Okumele kwenziwe nguHulumeni/nguMasipala wendawo.
- Makanqume isikhathi esingumnqamulajuqu okumele uMasipala alungise ngaso lesi simo umphakathi obhekene naso.
- Izinyathelo ezilandelayo ezizothathwa uma izimfuno zomphakathi kungahlangatshezwana nazo.

Isakhiwo

Umfundi makalandele imigomo yokubhalwa kwencwadi eya komkhulu afake:

- Amakheli amabili.
- Ikheli lokuqala libe nosuku ngesiZulu.
- Isibingelelo esifanele.
- Isihloko sencwadi.
- Isingeniso.
- Umzimba mawuhlukaniswe ngezigatshana.
- Isiphetho nesivaleliso.
- Anike ulwazi olwanele, inani lamagama elinqunyelwe.
- Incwadi ayisayinwe ekugcineni.

Ulimi nohlelo

- Umfundi makaqaphele upelomagama nezakhi ezifanele nokunye.
- Kubalulekile ukusebenzisa izimo zokukhuluma ezinembayo njengoba esuke ezifundisiwe phakathi nonyaka.
- Inani lamagama nokulibhala.
- Makabhale inani lamagama eliyiqiniso ekugcineni kwencwadi yakhe.

IEB Copyright © 2024

UMBUZO 6

Umfundi uzobhala **IKHADI LESIMEMO**:

- Makuvele ukuthi kumenywa bani.
- Yikuphi okuhle akwenzile okumenza afise ukugubha nezihlobo nabangani.
- Umfundi makasebenzise ulimi oluthobile, olunenhlonipho.
- Makasebenzise inkathi esanda kudlula, yamanje, nezayo.
- Ikhadi malibe nesihloko.
- Ukubhala ngamaphuzu noma ngesigaba.
- Makabhale inani lamagama.
- Makuvele ubuhlobo bakhe nalowo ambhalele.
- Inyanga nezinsuku uma inesidingo kubhalwe ngesiZulu.

Kuzosetshenziswa amarubhrikhi okumaka.

Amamaki esewonke ayi-100

IEB Copyright © 2024

UMBUZO 1–4 IRUBHRIKHI YE-ESEYI

AMAMAKI – 30	Izinga eliphezulu kakhulu	Izinga eliphakeme	Izinga elizwakalayo	Izinga elenelisayo	Izinga elisendimeni	Izinga eliphansi	Izinga eliphansi ngokweqile
	5	4	3½	3	2	1	½
ISAKHIWO (5)	Sibhaleke kahle kakhulu. Isingeniso, izigatshana ezakha umzimba, isiphetho kubhalwe kwacaca kahle kakhulu. Ubude busezingeni eligculisayo kakhulu. Imisho nezigaba kuhlanganiswe ngendlela enobuhlakani.	Isakhiwo sihle, kukhona konke okulindelekile. Isingeniso, izigatshana ezakha umzimba, isiphetho kubhalwe kwacaca kahle. Ubude busezingeni eligculisayo.	Isakhiwo sihle, kuncane okungekho. Isingeniso, izigatshana ezakha umzimba, isiphetho kubhalwe kwacaca. Ubude busezingeni elifanele.	Isakhiwo sihle, nokho kuningana okungabhalekile kahle nokungekho. Kuyagculisa nokho. Ubude busezingeni elamukelekile.	Maningi amaphutha esakhiwo sendaba. Inokungahleleki okuthile. Ubude abukho sezingeni.	Ayihlelekile nje kwaphela, akubonakali ukuthi uyakuqonda akubhalayo. Ubude buncane.	Impela kubi kakhulu uyazinhlanhlathela nje esakhiweni sakhe futhi asihlelekile. Ubude buncane kakhulu.
	8	7	6	5	4	3	2–1
ULIMI, ISITAYELA, UKUHLELA (8)	Ulimi, isitayela nohlelo lolimi kusezingeni eliphezulu kakhulu. Amaphutha awekho.	Ulimi, isitayela, uhlelo nokusetshenziswa kolimi kusetshenziswe kahle kakhulu. Imisho nezigaba kuhlanganiswe kahle. Amaphutha mancane kakhulu.	Ulimi, isitayela, uhlelo nokusetshenziswa kolimi kuhle. Imisho nezigaba kuhlanganiswe ngendlela efanelekile. Amaphutha mancane.	Ulimi nesitayela esejwayelekile nezimpawu zokubhala ezamukelekile. Amaphutha maningi.	Ulimi olwamukelekile, uhlelo lunamaphutha ngendlela olusetshenziswe ngayo. Amaphutha maningi kakhulu.	Ulimi nohlelo kunamaphutha amaningi. Asikho isitayela. Indaba inamaphutha amaningi ayilandeleki.	Ulimi nohlelo akwamukelekile. Asikho nhlobo isitayela. Imisho nezigaba akuhlangene futhi akuhambisani. Indaba inamaphutha amaningi ayilandeleki nhlobo.

IEB Copyright © 2024

	Izinga eliphezulu kakhulu	**Izinga eliphakeme**	**Izinga elizwakalayo**	**Izinga elenelisayo**	**Izinga elisendimeni**	**Izinga eliphansi**	**Izinga eliphansi ngokweqile**
	17–16	**15–13**	**12–11**	**10–7**	**6–5**	**4–3**	**2–1**
INGQIKITHI (17)	Ingqikithi iseqophelweni eliphezulu, kunobufakazi bokuthi indaba ifundiwe. Imibono yakhe iyageleza ihambisana kahle futhi ibonisa ukucabanga kwakhe kuhlanganiswe nolwazi lwendaba. Ubufakazi bokuthi unolwazi lwendaba.	Ingqikithi encomekayo. Imibono iveza isithombe esicacile nesihehayo ngolwazi lwendaba. Ubufakazi bokuhlela indaba buyabonakala. I-eseyi isezingeni eliphakeme. Ubufakazi bokuthi unolwazi lwendaba luyabonakala futhi lusezingeni eliphakeme. Uyithintile imikhakha efanele ekuhluzeni.	Ingqikithi iyezwakala futhi ihlangene. Imibono iyezwakala isekeliwe. Ubufakazi bokuhlela indaba buyabonakala futhi busezingeni elizwakalayo.	Ingqikithi yamukelekile, izwakala ngokusendimeni. Imibono isekelwe kahle ngendaba. Ubufakazi bokuhlela indaba buyabonakala futhi busezingeni elenelisayo.	Ingqikithi isezingeni eliphansi nengahlangene kahle. Imibono eminingi iyahambisana nendaba. Ubufakazi bolwazi lwendaba buyabonakala, busezingeni elenelisayo.	Ingqikithi ayicacile, ayihlangene kahle. Imibono imbalwa, okuphindiwe kuningi. Ukuhlelwa komsebenzi akuhlelekile, indaba ayikho ezingeni elifanele.	Okubhaliwe akuhambisani nesihloko sendaba. Imibono ayijabulisi, kuphindaphindwa into eyodwa. Okubhaliwe akwakhi mqondo futhi akuhambisani nendaba nemibono kahle-hle. Abukho ubufakazi bolwazi lwendaba. Ayemukelekile nakancane.

IEB Copyright © 2024

UMBUZO 5 IRUBHRIKHI YENCWADI EYA KUMASIPALA

Imiklomelo: 20

	Izinga eliphezulu kakhulu	Izinga eliphezulu	Izinga elizwakalayo	Izinga elenelisayo	Izinga elisendimeni	Izinga eliphansi	Izinga eliphansi ngokweqile
INGQIKITHI (10)	**10–8**	**7**	**6**	**5**	**4**	**3**	**2–1**
	Indikimba iyahambisana. Amaphuzu alandelana kahle. Uzethulile kahle. Ubingelele ngendlela efanele. Unamathele esihlokweni asinikiwe wanika amaphuzu enele esizathu sokubhala kwakhe incwadi. Awekho amaphutha noma ambalwa kakhulu.	Ingqikithi yakhe iyalandeleka. Amaphuzu alandelana kahle. Unamathele esihlokweni asinikiwe kodwa akanikanga amaphuzu enele. Ambalwa amaphutha.	Uwalandelile amaphuzu abalulekile kodwa uhamba eweqa amanye.	Uyakwazi okufanele akubhale kodwa akagxili kukho.	Amaphuzu akhe awakhi umqondo ophelele, uhamba enqamuka.	Uyabalekelana nengqikithi, kuvele kancane umqondo.	Uyaphuma aphele engqikithini.
ISAKHIWO (5)	**5**	**4**	**4–3**	**3–2**	**2**	**1**	**½–0**
	Amakheli akhona futhi mabili. Usuku okubhalwe ngalo incwadi lubhalwe ngesiZulu. Ukuhleleka ngezigaba. Sikhona isibingelelo nesivaleliso, namagama abhalwe ngokuyikho.	Uyayazi imigomo futhi uyilandelile.	Uyayazi imigomo futhi uyilandelile, kepha kukhona amaphutha.	Uyayazi imigomo futhi uyilandelile, amaphutha maningi.	Zikhona izinto azishiyile angazifakanga. Maningi kakhulu amaphutha.	Akayilandelile kahle yonke imigomo njengoba enikiwe.	Uhlulekile ukulandela uhlaka njengoba lunjalo.
IZIMPAWU ZOKULOBA NOLIMI (5)	**5**	**4**	**4–3**	**3–2**	**2**	**1**	**½–0**
	Izimpawu zokuloba zikhona. Izivumelwano, isipelingi, ulimi olunothile, inani lamagama elifanele futhi libhaliwe.	Izimpawu uzisebenzisile kahle.	Izimpawu uzisebenzisile kodwa ubuye azikhohlwe ezinye endleleni.	Uhlulekile ukuzisebenzisa izimpawu endaweni efanele, uyazixuba.	Azibonakali ezinye izimpawu nhlobo.	Ubhale into ewundende enganazigaba nezimpawu.	Azikho nhlobo izimpawu, into ende ewutiti nje.

IEB Copyright © 2024

UMBUZO 6 IRUBHRIKI – IKHADI LESIMEMO

Imiklomelo: 20

INGQIKITHI (10)	10–9	8–7	6–4	3–1
	• Ingqikithi mayihambisane nombuzo. • Achaze ngendlela ecacile nengafuniseli. • Indikimba iyahambisana. • Amaphuzu alandelana kahle. • Imininingwane ayixovekile.	• Imininingwane eminingi ikhona futhi izwakala kahle. Ilandelana kahle. • Ukudlulisa ulwazi ngawe kukhona, kumbalwa okushodayo.	• Imininingwane ayiphelele futhi akulandelani kahle. • Maningi amaphuzu ashodayo.	• Imininingwane ekhona ixovekile futhi ayiphelele. Kuyanhlanhlatha akuzwakali kahle akushoyo.
ULIMI NOKUBHALA (6)	**6–5**	**4–3**	**2**	**1**
	• Izivumelwano zisetshenziswe ngokuyikho. • Isipelingi: wonke amagama apelwe kahle. • Ukusetshenziswa kweziphumuzi ngendlela. • Ithoni nerejista iyahambisana nendikimba nokubuziwe.	• Ulimi olusetshenzisiwe luhle. • Amaphutha esipelingi ambalwa. • Zikhona iziphumuzi kodwa kukhona ezishodayo. • Amaphutha ambalwa ezivumelwano.	• Ulimi lusendimeni nje, amaphutha awamaningi. • Maningi amaphutha esipelingi. • Zimbalwa kakhulu izimpawu zokuloba.	• Ulimi alunambitheki, amaphutha maningi.
ISAKHIWO (4)	**4–3**	**2–1½**	**1**	½
	• Isihloko. • Ukubhala ngamaphuzu. • Makuvele ukuthi ikhadi libhekiswe kubani. • Inyanga nezinsuku uma kunesidingo kubhalwe ngesiZulu. • Inani lamagama elifanele futhi libhaliwe.	• Iningi lemininingwane likhona. • Isakhiwo sinamaphutha ambalwa. • Usondelile enanini lamagama elimiselwe.	• Miningi engekho kodwa kusezwakala. • Asilandeleki kahle isakhiwo. • Wehlulekile ukubhala inani lamagama.	• Isakhiwo asamukelekile.

IEB Copyright © 2024